## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Abahlolwayo mabafundisise kahle imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo

2. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZINTATHU.

3. Phendula yonke imibuzo ekuleli phepha.

4. Mababhale umbuzo ngamunye ekhasini lawo

5. Mababhale ngobunono nangesandla esibonakalayo.

6. Mabaqaphelisise isipelingi sabo kanye nokwakheka kwemisho.

## ISIQEPHU A

## UMBUZO 1

1.1 Fundisisa isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo:

Kuyichilo ukuthi kulesi sikhathi esiphila kuso emva kweminyaka eyishumi nambili leli lizwe laqala ukubuswa ngentando yeningi kusekhona abamhlophe abakhuluma amazwana ayiziswana okucwasa abanye abantu.

Abantu abaziphatha ngalolu hlobo bekufanele badingiswe kuleli zwe ngoba bakhombisa ukungazimbandakanyi nesizwe sakuleli. Isizwe sakuleli kufanele sibambisane ekuvuseleleni okwakubhidlizwe izakhiwo zombuso wobandlululo.
Lezi zinkulumo nalesi simo sihlupha kakhulu abantu abampisholo. Ukuqhubeka kokucwaswa kwabo kuze kukufikisele umcabango wokuthi mhlawumpe kukhona owabaqalekisa.


Uyovelaphi umuntu oyolungisa lesi simo? Umbuzo ongadingi mpendulo lona, kodwa okudingayo ukuba ubuzwe. Kuyisisimo esinyantisa igazi, futhi esiphindisela emuva isizwe. Bekunani abangavumelani nesimo esikhona kuleli lakithi, bavele bathathe okungokwabo balibhekise lapho kuthanda khona amagilo abo.

Kusobala ukuthi lolu hlobo lwabantu alwazi ukuthi ukudlala izinkinobho ezimnyama nezimhlophe zopiyano okwenza umculo owunqambothi. Lo khiye ubadukele, okukanye bazama ukuba ngongomuyayona noma ngosikhwiliphambana nobhoko.

Kukhona abakhala ngokuzenzela umathanda kwabantu ngokuba basuke lapho uMdali ayebadale wababeka khona. Phela uMdali wayesidale wasibeka ezindaweni ngokwehluka kobuzwe bethu, waze wasinika nendlela yokuxhumana ngokwehlukana kobuzwe. Kungenzeka sekukhona nokufulathelwa uyena uMdali. Nasekhaya nje ubaba uyadinga ukuhlonishwa, umthetho awubekile waziswe. Kungabi kwamachanca nje kwampunzi edla emini.

| | | |
|---|---|---|
| 1.1.1 | Umbuso onjani okuthiwa owentando yeningi? | (2) |
| 1.1.2 | Ngabe uyavumelana nombono wokuthi abantu abaziphatha ngalolu hlobo badingiswe? | (1) |
| 1.1.3 | Nikeza isizathu sakho sokuvuma noma sokuphikisana nalo mbono. | (2) |
| 1.1.4 | Ucabanga ukuthi umbhali walesi siqeshana ungakuliphi iqembu phakathi kwabamhlophe nabacwaswayo? | (2) |
| 1.1.5 | Ngabe izinkinobho ezimyama nezimhlophe zimeleni kulesi siqeshana? | (2) |
| 1.1.6 | Kusho ukuthini ukuthi: 'Kwamachanca kwampunzi edla emini'? | (2) |
| 1.1.7 | Bhala igama elisesiqeshini elisho okufanayo nalelo elithi: 'ihlazo'. | (1) |
| 1.1.8 | Esiqeshini kusetshenziswe igama elithi isizwe. Ngabe lisho ukuthini kulesi siqeshana? | (2) |
| 1.1.9 | Usuke ekwenzani umuntu uma ekucwasa? | (2) |
| 1.1.10 | Ucabanga ukuthi yini engenziwa ukunqanda lo mkhuba wokucwasana? | (2) |
| | | **[18]** |

1.2 **Bhekisisa lesi sithombe esingezansi ufunde nendasthana ehambisana naso bese uphendula imibuzo elandelayo.**


Njengamanje, okwenza ukuba lezi zinxushunxushu zingapheli, wukwehluka kwezidingo zamaqembu athintekayo ngasohlangothini lwezomnotho. AmaFur namaMasalit angabalimi, kanti ama-Arab angabelusi abahamba behlala noma kuphi nokuyinto esidale ukuba kube nokungqubuzana kubangwa umhlaba namanzi.

Emva kokuba elaseSudan lithole inkululeko ngo-1956, kuhulumeni kwakwande uhlanga lwama-Arab kanti sekuqubuke izimpi zomkhaya ezimbili esezidonse isikhathi eside kuliwa nabangewona amaSulumane abahlala

BONA ZULU – July 2006 15

Njengamanje okwenza ukuba lezi zinxushunxushu zingapheli ukwehluleka wezidingo zamaqembu athintekayo ngasohlangathini lwezomnotho AmaFur namaMasalit angabalimi, kanti ama-Arab angabelusi abahamba behlala noma kuphi nokuyinto esidale ukuba kube nokungqubuzana kubangwa umhlaba namanzi.

Emva kokuba elaseSudan lithole inkululeko ngonyaka we-1956, kuhulumeni kwakwande uhlanga lwama-Arab kanti sekuqubuke izimpi zomkhaya ezimbili esezidonse isikhathi eside kuliwa nabangewona amaSulumane abahlala eNingizimu.

Izinhlangano ezimbili zamavukelambuso zagxeka uhulumeni ngokucindezela abangewona ama-Arab.

1.2.1 Le indawo okuhlala kuyo ama-Arab angabelusi. Nikeza izinto EZIMBILI ezikhombisa ukuthi ngempela abantu abahlala lapha abangazinzi endaweni. (2)

1.2.2 Ngaphandle kokwehluka kwezidingo zamaqembu, yini enye edala kubekhona ukungezwani kule ndawo? (2)

1.2.3 Nikeza elinye igama elisho inxushunxushu. (1)

1.2.4 Bheka isithombe bese unikeza izinto EZIMBILI ezikhombisa ukuthi abantu abahlala lapha bayahlupheka. (2)

1.2.5 Lesi simo esisibona lapha esithombeni ngabe siyahambelana yini nenkululeko eyatholwa yileli zwe ngonyaka we -1956? (2)

1.2.6 Yisho ukuthi ngabe okushiwo lapha ngezansi kungumbono noma kuyiqiniso.

(a) Ama-Arab alwa nabangesiwo eSudan.
(b) Ama-Arab athanda impi.
(c) AmaSalit angabalimi. (3)

**[12]**

## ISIQEPHU B

## UMBUZO 2

Lesi siqeshana esingezansi sibhalwe ngamagama angama-60. Sibhale usifingqe ngamagama akho angama-20 azoveza ingqikithi/umongo waso.

Inkampani yezindiza yaseNingizimu Afrika ayigcini ngokukhuluma nje ukuthi kufanele kuthuthukiswe abesifazane kwezemisebenzi, isinezinto eziningi esizenzile ukufeza leli phupho. Kuze kube manje sekunabesifazane abahlanu abasebenza ukulungisa izindiza, bezihlola ukuthi zikulungele yini ukuthwala abagibeli. Kulo msebenzi laba besifazane babhekene nabesilisa abangama-249 abenza nabo lo msebenzi kuleli. Isimo esinje singabethusa abanye besifazane kodwa hhayi laba abahlanu. Bona bazenzela umsebenzi wabo abanake lutho lobulili. **[___]**

## ISIQEPHU C

## UMBUZO 3

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

Abazali bami bangithengele izimpahla ezintsha ngoba ngiphumelele kahle esikoleni. Ukuphumelela esikoleni kuhambisana nenhlonipho. Ingane engahloniphi abazali bayo ayibi nazo izinhlanhla. Kumqoka ukuba izingane zihloniphe abazali bazo. Kufanele sikhumbule futhi ukuthi umuntu ongumzali akuyena kuphela lona okuzalayo kodwa yinoma yimuphi osebangeni lokuba umzali noma-ke nje olingana nabazali bakho. Ingani nathi uqobo siyokujabulela ukuhlonishwa uma sesibadala. Kuyadingeka kodwa phela nabo abantu abadala ukuba bazihloniphe izingane. Lokhu kuhloniphana kwenza ukuba impilo ibemnandi futhi kwenza ukuba ubani nobani ahlale ezazi ukuthi ungubani.

Inkinga enkulu ukuzikhohlwa ukuthi ungubani. Umuntu ozikhohlwayo uzithola esenza

okungafanele endaweni engafanele nangesikhathi esingafanele. Ingane ehloniphayo ibonakala ngokwazi ukukhuluma nabantu abadala kunayo ngokuba ikhethe amagama afanele. Kumqoka ukukhetha amagama, okuya ngokuthi ngaleso sikhathi ukhuluma nobani. Kufanele ukuba omncane azi ukuthi kukhona amagama angewasebenzise uma ekhuluma nomuntu omdala. Kufanele sazi njalo ukuthi ukwenza nokukhuluma kwethu kuveza ubunjalo bethu bububeke obala wena owabona izinqe zesele.

Phendula imibuzo elandelayo:

3.1 Esiqeshini esingenhla osifundile kukhona igama elithi: **umuntu.** Kuleli gama susa Ungwaqa u-**m** esikhundleni sakhe usebenzise omunye undebembili bese uthatha igama olitholayo ulisebenzise emshweni kuvele ukuthi uyalazi. (2)

3.2 Nciphisa igama elithi : umuntu kodwa lingasho umuntu nje phaqa. Lisebenzise emshweni lelo olinciphisile kuzovela ukuthi uyalazi. (2)

3.3 **Abazali bami bangithengele izimpahla ezintsha**

3.3.1 Lisebenza msebenzi muni igama elithi: **ezintsha**, kulo musho? (1)

3.3.2 Lisebenza msebenzi muni igama elithi: **izimpahla**, kulo musho? (1)

3.3.3 Bhala lo musho ube senkathini ezayo: Abazali bami bangithengele izimpahla ezintsha. (2)

3.3.4 Bhala umusho ongenhla inhloko yawo kube igama elithi; **izimpahla**. (2)

3.4 Thatha igama elithi: **mnandi** elikhona kulesi siqeshana, ulibenzise emshweni lichaza inhloko. (2)

3.5 Sisebenze msebenzi muni isakhi u-**eni** egameni elithi **endaweni** njengalokhu ekuqaleni belithi: indawo? (1)

3.6 Oku**nga**fanele. Isakhi u-**nga si**nikeze mqondo muni kuleli gama ebelithi: okufanele? (1)

3.7 Sisebenze msebenzi muni isakhi esidwetshelwe kuleli gama elithi: umzal**i**. (1)

3.8 Yakha isaga ngegama elithi: hlonipha (2)

3.9 Sisebenzise leso saga emshweni kubonakale ukuthi sishoni. (2)

3.10 Tomula umusho oqondile esiqeshini esingenhla osifundile (2)

3.11 Isijobelelo u-**w** egameni elithi ukuzikhohl**w**a siqukethe umqondo muni? (1)

3.12 Tomula igama kulesi siqephu elisho okufanayo nelithi: ukuthokozela (2)

**[24]**

**UMBUZO 4**

Iphephabhuku okuthiwa iBONA langesonto eledlule belinalezi zihloko ebezibhalwe kanje ngaphandle:




4.1 Kungani amagama athi: 'UTHANDA IZINTO' ebhalwe ngezinhlamvu ezinkulu kunamagama omuntu othandayo? (2)

4.2 YIQINISO: Amagundane avikela impilo
Izindiza zasemanzini

Umbhali uqale ngegama elithi 'YIQINISO' ukuze abafundi baleli bhuku:

4.2.1 balithenge
4.2.2 bakholwe ukuthi akushoyo kuyenzeka
4.2.3 bayifunde le ndaba

Khetha impendulo eshaya emhlwoleni kulezi ezintathu ezingenhla (1)

4.3 Ngabe kusho ukuthini ukuthi o-DJ base-SA 'BAVUTHA BHE (2)
**[5]**

**UMBUZO 5**

Phendula le mibuzo elandelayo ngalo mbiko walo mhlangano okukhulunywa ngawo lapha ngezansi:

Imeya ishiye engalazi ngenkathi ikhuluma nomkhandlu wayo emhlanganweni lapho bekuzodingidwa khona indaba yokugxambukela kwamalungu omkhandlu endabeni yokulahleka kwezibhamu zamaphoyisa kaMasipala wedolobha. Inkukhu inqunywe umlomo emalungeni, kwazise phela ukuthi imeya ibigqamuka amalangabi ngale ndaba. Ibithukuthele ithelwa ngamanzi. Ize yabiza amalungu omkhandlu ngamakhafula namakula. Maye! Kube izithintele kubantu.

5.1 Umlobi walo mbiko uveza izinto ezithile ngemeya ngokusebenzisa amagama athize.
Ibikusiphi isimo imeya ngenkathi ikhuluma namalungu omkhandlu?
Bhala okubili okuveza leso simo semeya. (2)

5.2 Ugqamisani umlobi ngegama elithi: ukugxambukela? (1)

5.3 Yimaphi amagama asetshenziswe umlobi lapha akhombisa ulimi olucwasayo, futhi olungavumelekile ezikhathini zanamuhla? (2)
**[5]**

**AMAMAKI ESEWONKE 70**

Awuvunyelwe ukukopisha leli phepha